


Isimo SeSintu



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Rom. 1:16, 17, 22–32; 2:1–10, 17–23; 3:1, 2, 10–18, 23.

Indimana Yekhanda:

“Bonke bonile, futhi basilelwe inkazimulo kaNkulunkulu” (Roma 3:23).

Ekuqaleni kwencwadi yabaseRoma, uPawule ufuna ukusungula iqiniso elibucayi, elingumongo wevangeli—isimo esidabukisayo sesintu. Iqiniso likhona ngoba, kusukela Ekuweni kuye phambili, sonke singcoliswe yisono. Sisegazini lethu njengombala wamehlo ethu.

U-Martin Luther, ekuhlaziyeni kwakhe amaRoma, wabhala okulandelayo: “Inkulumo ethi ‘bonke baphansi kwesono’ kumele ithathwe ngokwezikamoya; okungukuthi, hhayi ngendlela abantu abazibona ngayo noma bebonwa ngabanye, kodwa ngendlela abemi ngayo phambi kukaNkulunkulu. Bonke baphansi kwesono, labo abaziwa njengezoni phambi kwabantu, kanye nalabo ababukeka belungile phambi kwabo naphambi kwabantu. Labo abenza imisebenzi yokulunga bayenza ngokwesaba ukujeziswa noma ngothando lwenzuzo nodumo, noma ngokuthanda Ukwenza okuthile, kodwa hhayi ngokwengqondo evumayo nekulungele lokho. Ngalandlela umuntu uzenzela ngokwakhe imisebenzi emihle ngaphandle, kodwa ngaphakathi ubishe ezifisweni zesono kanye nasezinkanukweni ezimbi, ezimelene nemisebenzi elungileyo.”—Martin Luther, *Commentary on Romans*, p. 69.

*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 21.

Amandla KaNkulunkulu

“Anginamahloni ngevangeli: lingamandla kaNkulunkulu okusindisa bonke abakhohwayo, kumJuda kuqala kanye nakumGriki. Ngokuba kulo ukulunga kukaNkulunkulu kwembuliwe ngokukholwa kuye ekukholweni; njengoba kulotshiwe, ‘Yena olungile ngokukholwa uyakuphila’ (Rom. 1:16, 17, RSV). Athini amaRoma 1:16, 17 kuwe na? Ube namava kanjani ngezithembiso kanye nethemba elitholakala kuwo na?

Kunamagama amaningana asemqoka atholaka kulesisahluko:

1. Ivangeli. Leligama lihummushwe kwelesiGriki elithi ngokuqondile “umbiko olungile” noma “izindaba ezilungileyo.” Limi lodwa leligama lingasho noma yimuphi umbiko olungile; kepha lihlelwe kabusha njengoba kwenzekile kulendimana ngomusho othi “likaKristu,” lichaza “izindaba ezilungileyo mayelana noMesiya” (uKristu yigama elihummushwe kwelesiGriki elichaza ukuthi “Mesiya”). Izindaba ezilungileyo yilezi zokuthi uMesiya usefikile, futhi abantu bangasindiswa ngokukholwa Kuye. KukuJesu kanye Nokulunga Kwakhe okupheleleyo—hhayi ngokokwethu, noma emthethweni kaNkulunkulu—lapho singathola khona ukusindiswa.

2. Ukulunga. Leligama libhekise esimweni sokuba “ngolungile” noNkulunkulu. Incazelo echwepheshile yaleligama yakhiwa encwadini yabaseRoma, esizokuyiveza lapho siqhubeka nokufunda lencwadi. Kumele kubalulwe ukuthi kumaRoma 1:17 igama linikezwa amandla ngomusho othi “kukaNkulunkulu.” Kungulunga okuvela kuNkulunkulu, ukulunga okuhlinzekwa nguNkulunkulu ngoKwakhe. Njengoba sizobona, yilokhu kulunga kuphela okufanelekile ukuba kusilethele isithembiso sokuphila okuphakade.

3. Ukukholwa. esiGrikini amagama ahummushwe njengo “kholwa” kanye “nokholo” (KJV) kulesisahluko yisenzo kanye nebizo legama elilodwa: pisteuo (kholwa), pistis (inkolo noma ukholo). Incazelo yokholo njengoba ihambisana nosindiso izokwembuleka njengoba siqhubeka nesifundo samaRoma.

Ngabe uke ube nenkinga nesiqiniseko na? Ngabe zibakhona izikhathi lapho uzibuza ukuthi ngabe usindisiwe noma cha, noma ungasindiswa na? Yini eletha lokhu kwesaba na? Kusekelwe phezu kwani lokhu kwesaba na? Ngabe kumi eqinisweni na? Okungukuthi, ngabe uphile impilo ephikisana nenkolo yakho na? Uma kunjalo, yiziphi izinqumo okumele uzithathe ukuze ube nezithembiso kanye neziqiniseko okungezakho kuJesu na?

Bonke Bonile

Funda abaseRoma 3:23. Kungani kulula kithina njengamaKristu namuhla ukuba siyikholwe lendimana na? Kunsenjalo, yini engenza abanye babungabaze ubuqiniso balendimana na?

Ngokumanglisayo, abanye abantu baphosa inselele kumqondo wokona kwesintu, bephikisana ngokuthi abantu balungile. Inkonga, nokho, isuka ekungaqondini kahle ukuthi Kuyini kona ukulunga kweqiniso. Abantu bangaziqhathanisa nabanye bese bezibona bebahle. Nembala, singathola abanye ababi kakhulu kunathi bese siziqhathanisa nabo. Kodwa lokhu akusenzi silunge. Uma siziqhathanisa noNkulunkulu, futhi nasebungcweleni nasekulungeni Kwakhe, akekho kithina obangabuya ezinconza kodwa singabuya sikhungethwe ngukuzisola nokuzinyanya. AbaseRoma 3:23 bakhuluma futhi “ngenkazimulo kaNkulunkulu.” Lomusho uhumushwe ngazindlela eziningi. Mhlawumbe okuyiyona elula kunazo zonke ngeyokunikeza lomusho incazelo onayo ku-1 Korinte 11:7, “Yena [umuntu] ungumfanekiso kanye nenkazimulo kaNkulunkulu” (RSV). EsiGrikini igama elithi “inkazimulo” lingabukwa kalula njengelilingana negama elithi “umfanekiso.” Isono siwufiphazile umfanekiso kaNkulunkulu kubantu. Isintu esonile sisilele kakhulu ekuvezeni umfanekiso noma inkazimulo kaNkulunkulu.

Funda abaseRoma 3:10-18. Ngabe Kukhona okuguqukile namuhla na? Yikuphi kulemfanekiso echaza wena kangcono, noma ubuyoba yini ngaphandle kukaKristu empilweni yakho na?

Nakuba sisibi isimo sethu kepha sinalo ithemba. Isinyathelo sokuqala ngesokuthi sivume ukuba yizoni kwethu futhi nokungabi namandla ngokwethu ukuba kube khona esizenzela kona ngalesisimo. Kungumsebenzi kaMoya oNgcwele ukuba ulethe lokhu kuzisola. Uma isoni singamelani Naye, uMoya uyakuholela isoni ukuba sixebule ukuzivikela, ukuzenzisa, kanye nokuzibona ulungile futhi sizilahlele kuKristu, sinxusa Umusa Wakhe: “ ‘Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni!’ ” (Luke 18:13, NASB).

Wagcina nini ukuzinuka amakhwapha uzibheka izinhloso zakho, izenzo zakho, kanye nemizwa yakho na? Lokhu kungaba ngamava athena amandla, akunjalo na? Likuphi ithemba lakho na?

Inqubekela Phambili Na?

Ekuqaleni kwe-20th century, abantu babephila nomqondo wokuthi isintu sasithuthuka, ukuthi ukulunga kwakuzokhula, nokuthi isayensi nobuchwepheshe kwakuzosiza ekungeniseni isimo esingcono. Isintu, kwakukholakala, sasisemqoka endleleni eya ekupheleleni. Ngemfundo efanelekile kanye nokuqeqeshwa ekuziphatheni kahle, kwakucatshangwa ukuthi isintu siyothuthuka kakhulu kanye nomphakathi waso. Konke kwakumele kuqale kwenzeka, kanyekanye, lapho singena emhlabeni omusha ngesibindi we-20th century. Ngeshwa, izinto azenzekanga ngaleyondlela, akunjalo na? I-twentieth century ingenye yezikhathi ezibe nodlame kanye nobuqaba kunazo zonke emlandweni, lokhu—ngokuhlekisayo—ngenxa yokuthuthuka kwesayensi, eyenze kwabalula ukuba abantu babulalane ngendlela okuyisona siqhwaya emlandweni esingakaze siyicabange. Kwaba yini inkinga na?

Funda abaseRoma 1:22-32. Yiziphi izindlela esibona ngazo izinto ezilotshe lapha kwi-first century zisenzeka namuhla kwi-twenty-first century na?

Singase sidinge ukukholwa ukuba sikholelwe ezintweni eziningi mayelana nobuKristu: phakathi kwazo, ukuvuka kwabafileyo, Ukuza Kwesibili, kanye nezulu elisha nomhlaba omusha. Kodwa ngubani odinga ukholo ukukholelwa esimweni sesintu esiwile na? Namuhla, ngamunye kithi siphila imiphumela yalesosimo esiwileyo.

Gxila kakhulu kwabaseRoma 1:22, 23. Lesisimiso sisibona sifezeka kanjani namuhla na? Ngokulahla uNkulunkulu yini ekhonzwa yisintu kule-century na? Futhi ngokwenzenjalo, sibe kanjani yiziwula na? Woza nempendulo yakho eklasini NgeSabatha.

Abafana Ngakho AmaJuda NabeZizwe

KwabaseRoma 1, uPawule wayekhuluma ngqo ngezono zabeZizwe, abahedeni, labo ababelahlekelwe ngumbono kaNkulunkulu kudala, ngalokho, bawela emikhubeni eyisinengiso kakhulu. Kepha wayengezokubayeka nabakubo, labo bezwe lakhe. Ngaphandle kwawo onke amathuba namalungelo ababenikezwe wona (Rom. 3:1, 2), nabo, futhi, babeyizoni, belahliwe ngumthetho kaNkulunkulu, futhi bedinga nomusa osindisayo kaKristu. Ngalowomqondo—kumqondo wokuba yizoni, wokuphambuka emthethweni kaNkulunkulu, kanye nokudinga Umusa kaJehova osindisayo—amaJuda nabeZizwe bayafana.

Funda abaseRoma 2:1-3, 17-24. Yini axwayisa ngayo uPawule lapha na? Yimuphi umyalezo thina sonke, umJuda noweZizwe, okumele siwuthole kulesisixwayiso na?

“Ngemuva kokuba umpostoli etshengise kuthi bonke abahedeni bayizoni, yena manje, ngendlela ekhethekile negcizelelayo, ukhombisa ukuthi namaJuda aphila esonweni, ngaphezu kwakho konke ngoba balalela Umthetho kuphela ngezendo, okungukuthi, ngokokubhalwa kwawo hhayi ngokomoya.”—Martin Luther, Commentary on Romans, p. 61. Imvamisa kulula ukuba sibone futhi sikhombe izono zabanye. Kuvame kangakanani, nokho, ukuba sibenecala lezinto ezifanayo, noma ezimbi ukwedlula lezo na? Inkinga ngukuthi sinomkhuba wokuziba esiyikho, noma sizenze ngcono ngokubuka ububi babanye ngokuqhathaniswe nathi. UPawule wayengakuvuni lokho. Uxwayisa abakhaya bakhe ukuba bangajahi ngokugweba abeZizwe, ngoku bona, amaJuda—njengabantu abakhethiweyo—babeyizoni. Kwezinye izikhathi babenecala kakhulu kunabahedeni ababeshesha ukubalahla ngecala ngoba njengamaJuda babenikezwe ukukhanya okwandile kunabeZizwe.

Iphuzu likaPawule kukho konke lokhu ngukuthi akekho kithi olungile, akekho kithi ohlangabezana nezinga likaNkulunkulu, akekho kithi olungile nongcwele ngokwakhe. UmJuda noweZizwe, owesilisa nowesifazane, ocebile nompofu, owesaba uNkulunkulu noma ophika uNkulunkulu, sonke sinecala. Futhi ukube bekungewona Umusa kaNkulunkulu owembulwe evangelini, bekungeke kubekhona ithemba ngathi.

Uvame kangakanani, okungenani engqondweni yakho, ukubeka abanye icala ngezinto wena, onecala ngazo na? Ngokunaka lokho okulotshwe nguPawule lapha, ungaguquka kanjani na?

Ivangeli LokuPhenduka

“Uyayidelela ingcebo yobumnene nokubekezela kanye nokunyamezela kwakhe; ungazi ukuthi ubumnene bukaNkulunkulu bukhohlelela ekuphendukeni na?” (Rom. 2:4). Yimuphi umbiko lapha esiwutholayo mayelana nodaba lonke lokuphenduka na?

Kumele siqaphele ukuthi ubumnene bukaNkulunkulu buholela, abuphoqi, izoni ekuphendukeni. UNkulunkulu akasebenzisi impoqo. Ubekezela ngokungapheli futhi ufuna ukudonsa bonke abantu ngothando Lwakhe. Ukuphenduka okuphoqiwe bekuyoyishabalalisa yonke inhloso yokuphenduka, akunjalo na? Uma uNkulunkulu ubekuphoqa ukuphenduka, ngalokhu wonke umuntu ubengesindiswe, ngokuba ubengabaphoqa kanjani abanye ayeke abanye na? Ukuphenduka kumele kube yisenzo sokuzikhethela, sisabela ekusebenzeni kukaMoya oNgcwele ezimpilweni zethu. Yebo, ukuphenduka kuyisipho esivela kuNkulunkulu, kodwa kumele sikulungele ukusamukela, ukukhetha okungenziwa yithina kuphela.

Yini eza kulabo abamelana nothando lukaNkulunkulu, abangavumi ukuphenduka, futhi bahlala enkanini na? Rom. 2:5–10.

KwabaseRoma 2:5-10, futhi nokuvamile kuyo yonke Incwadi yabaseRoma, uPawule ugqizelela indawo yemisebenzi emihle. Ukulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwezenzo zomthetho akumele kuthathwe ngokuthi kuchaza ukuthi imisebenzi emihle ayinandawo empilweni yomKristu. Ngokwesibonelo, kwabaseRoma 2:7 usindiso luchazwe njengoluza kulabo abalufunayo “ngokuqhubeka ngokubekezela ekwenzeni okuhle.” Nakuba imizamo yesintu ingeke yaletha usindiso, kuyingxenywe yawo onke amava okusindiswa. Kulukhuni ukubona ukuthi othile angalifunda kanjani iBhayibheli abe esethola umqondo wokuthi imisebenzi kanye nezenzo azisho lutho. Ukuphenduka kweqiniso, lokho okwenzeka ngokuvuma kwenhliziyiyo, njalo kolandelwa ngokuzimisela ukunqoba nokuyeka lezizinto okumele siphenduke kuzo.

Uvame kangakanani ukuba semoyeni wokuphenduka na? Kuqinisekile, noma unomkhuba wokuthatha kancane amaphutha akho, ukwesilela, kanye nezono zakho na? Uma kuyilokhu Kokugcina, ungaguquka kanjani na? Kungani kumele uguquke na?

Cabanga kabanzi:

“Ngalokho ulimi lweBhayibheli luveza ukuthi isono asiyona inhlekele ewele phezu kwesintu ngokuzuma, kodwa singumphumela wokucabanga kanye nokukhetha ohlangothini lwesintu. Ngaphezu kwalokho, isono akukona ukungabiko kokulunga, kepha ‘singukusilela’ kokulindelwe nguNkulunkulu. Siyindlela embi ekhethwe ngamabomu yisintu. Asibona ubuthakathaka isintu esingebekwe cala lako, ngokuba isintu sisemoyeni noma esenzweni sesono sikhetha ngamabomu indlela yokuhlubuka kuNkulunkulu, ngokweqa Umthetho Wakhe, futhi nokwehluleka ukuzwa Izwi likaNkulunkulu. Isono sizame ukweqa imingcele ebekwe nguNkulunkulu. Kafushane, isono singukuhlubuka kuNkulunkulu.”—*The Handbook of Seventh-day Adventist Theology (Hagerstown, Md.: Review and Herald Publishing Association, 2000)*, p. 239. “Umfanekiso owesabekayo wesimo somhlaba wethuliwe phambi kwami. Ububi budlangile yonke indawo. Ubudedengu yisono esikhethekile salezizikhathi. Abukaze ububi bubhoke ngesibindi njenganamuhla. Abantu babukeka bephelelwe yimizwa, futhi abathandi bokulunga kanye nobumnene beqiniso bacishe badikibale ngeqholo, amandla, nokwanda kwabo (ububi). Ububi obuningi abugcinile nje kuphela kongakholwa noklodayo. Ngakungcono ukube bekunjalo, kodwa akunjalo. Amadoda amaningi kanye nabesifazane abathi banenkolo kaKristu banecala. Nalabo abathi balindele ukuqhamuka Kwakhe abakulungele lokho ukwedlula uSathane. Abazihlanzile kukho konke ukungcola. Sebevumele izinkanuko zabo kangangokuba sekuyimvelo ukuba imicabango yabo ingcole futhi ikhohlakale.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 346.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Iyiphi impendulo oyinikeza labo okuthi, kukho konke osekwenzekile, baphikelele nokuthi isintu siyathuthuka na? Iyiphi inkulumo-mpikiswano abayinikezayo, futhi ubaphendula kanjani na?
2. Buka isicaphuno sika-Ellen G. White esifundweni sangoLwesihlanu. Uma uzibona lapho, ithini impendulo na? Kungani kusemqoka ukuba ungadikibali kepha uqhubeke nokunxusa izithembiso zikaNkulunkulu—okokuqala, sentethelelo; okwesibili, sokuhlanzwa na? Ngubani ofuna ukuba usho kube kanye ukuthi, “Akusizi. Ngimubi kakhulu. Ngeke ngasindiswa, kungcono ngimane ngiyeke” na? Ulalela yena noma uJesu, ozakuthi kithi, “Nami angikubeki cala, hamba ungabe usona futhi” na? Johane 8:11.
3. Kungani kusemqoka kithina njengamaKristu ukuba siqonde ukuba yizoni nokuba kubi kwesintu na? Yini engenzeka uma silahlekelwa ngumbono waleliqiniso elidabukisayo na? Yimaphi amaphutha ukuqonda kwamanga kwesimo sethu sangempela okungasiholela kuwo na?
4. Cabanga ngezindimbane zama-Protestant ezakhetha ukuba zife kunokuba zilahle inkolo yazo. Siqine kangakanani

